ISAHLUKO 7

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA

Lo mbiko olandelayo kumele ufundwe ngokuhlanganyela namaphepha okuhlolwa esiZulu ulimi lwasekhaya kaNovemba 2017.

7.1 UKUSEBENZA KWABAFUNDI EMAPHEPHENI OKUHLOLWA: 1 – 3 (2014 – 2017)

Izinga lokusebenza kwabafundi kulo nyaka wezi-2017 kukhombisa ukwenyuka uma kuqhathaniswa nonyaka wezi-2016.

Kulo nyaka wezi-2017 naku okugqamile okulandelayo:

- Inani labafundi abangenele ukuhlolwa kokuphela konyaka lehlile ngenani le- 14013
- Izinga lokuphumelela kwabafundi lenyuke ngama 0,1% iphesenti.

Ithebula 7.1.1: Imiklomelo jikelele ephepheni lesiZulu uLimi lwaseKhaya (2014-2017)

Unyaka	Inani lababhalile	Inani labafundi abathole amaphesenti angama-40 nangaphezulu	Inani lamaphesenti angama-40 nangaphezulu
2014	138 004	137 194	99,4
2015	166 403	165 487	99,4
2016	165 572	163 632	98,8
2017	151 559	149 925	98,9

Igrafu 7.1.1: Imiklomelo jikelele ephepheni lesiZulu uLimi lwaseKhaya (2014-2017)



Shaping Freedom Through Education

Igrafu 7.1.2: Ukuhlaziya kokusebenza kwabafundi kubhekwa ama-curves ephepheni lesiZulu uLimi lwaseKhaya: 2014–2017)



	0-9	10-19	20-29	30-39	40-49	50-59	60-69	70-79	80-89	90-100
2014	0.0	0.0	0.1	0.5	4.8	21.3	42.1	27.5	3.7	0.0
2015	0.0	0.0	0.1	0.5	4.4	25.0	43.9	23.0	3.1	0.1
2016	0.0	0.0	0.2	1.0	7.8	25.7	37.8	23.6	3.8	0.1
2017	0.0	0.0	0.2	0.9	7.6	23.8	42.3	23.5	1.7	0.0

Kule grafu engenhla, kuyabonakala ukwehla kwizinga lesi 3,4,6 nelesi-7, kwenyuka ukusebenza kwabafundi kwizinga lesi-5.kulo nyaka ka-2017.

7.2 UKUBUKA KABANZI IMIPHUMELA YABAFUNDI EPHEPHENI LOKU-1

Ukuphawula jikelele

(a) Abahlolwa abaningi bakwazile ukuphendula kahle leli phepha, ikakhulukazi isiqephu A (isifundo sokuqondisisa) kanye nesiqephu B (ukufinqa).

(b) Isiqephu C: umbuzo 3 (ukuhlaziya isikhangisi), umbuzo 4 (ukuhlaziya ikhathuni) Kanye nombuzo 5 (izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi), abahlolwa abenzanga kahle kule mibuzo. Lokhu kukhombisa ukuthi kuningi okusamele kwenziwe okumayelana nale mibuzo engenhla.

(c) Abahlolwa abangenzanga kahle kule mibuzo ebalulwe ngenhla batshengise ukungabi nalo ulwazi lokuhlolisisa indlela ulimi olusetshenziswe ngayo kule mibuzo ngokusebenzisa indlela yokubuza ngokwe*Barrets taxonomy* kanye namazinga obulukhuni bemibuzo.

(d) Ikhono lokufinqa ngokwesigaba besebenzisa amagama abo likhombisa ukukhula kubafundi nakuba isekhona imithonseyana yabafundi abasacaphuna amaphuzu njengoba enjalo esiqeshini. Lokhu kwenza ukuba abahlolwa balahlekelwe amaphuzu amathathu olimi.

(e) Umbuzo 5 (izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi) abahlolwa abenzi kahle kule ngxenye yephepha. Lokhu kungenzeka ukuba abahlolwa abafundisiwe kahle ukubhekana nalo mbuzo.

Shaping Freedom
Through Education

7.3 UKUHLAZIYA KWEZIMPENDULO NGOKWEMIBUZO EPHEPHENI LOKU-1

Amaphutha kanye nokungaqondisisi imibuzo.

(a) **Umbuzo 1: isifundo sokuqondisisa**

Abahlolwa abaningi bahlulekile ukuphendula kahle umbuzo 1.1.3. Abahlolwa bayahluleka ukuhlanganisa ulwazi ezigabeni ezinikeziwe, isigaba sesi-6 nesesi-7. Abanye abahlolwa baqhamuka sebehlanganisa ulwazi olufanayo ngaphandle kokugagula izigaba lapho ulwazi lutholakala khona bese bewulahla kanjalo umklomelo ngenxa yokungasho ukuthi: esigabeni sesi-6 kwenzeka lokhu…. ngokunjalo esigabeni sesi-7 kwenzeka lokhu….. Abanye abahlolwa abazidalulile izigaba abaluhlanganisi ulwazi olufanayo olutholakala kulezi zigaba zombili.

- Umbuzo 1.1.6 nombuzo 1.1.8 abawuphendulanga kahle abahlolwa (kungagcina kunamphumela muni/ ngokucabanga kwakho) Lolu hlobo lwemibuzo lufuna ukuba umfundi azicabangele impendulo azoyinikeza bese eyihlanganisa nolwazi analo lwendaba.

- Umbuzo 1.1.9 (Hlaziya ubuqiniso) Lona umbuzo osezingeni eliphezulu. Abahlolwa banikeziwe isitatimende okumele bahlaziye ubuqiniso baso. Bona bebesiphikisa noma bathathe lokho okusesiqeshini njengoba kunjalo. Lo mbuzo ubudinga ukuthi abahlolwa basicubungule isitatimende bese bebheka ubuqiniso bokwenzeka emiphakathini yabo ngokwesitatimende.

- Umbuzo 1.2.3 (ukuqhathanisa umqondo wesigaba kanye nomqondo wesithombe) abahlolwa bebehluleka ukuqala bagagule umqondo walokhu okubuziwe bese besekela impendulo yabo njengoba inikeziwe esithombeni nasesigabeni.

- Umbuzo 1.2.4 (okungaba isiphetho sokwenzekayo): lo mbuzo ubufuna abahlolwa babukusise konke okwenzekayo esithombeni sesi-4 kodwa bona uma sebephendula, bebebhekisa ohlangothini olulodwa kunokuba babhekise nxazonke kokwenzeka esithombeni.

(b) **Umbuzo 2 (ukufinqa)**:

Abahlolwa abaningi bawuphendule kahle lo mbuzo nakuba kusekhona abahlolwa abasahluleka ukuhumusha ngamaphuzu. Abanye abahlolwa bacaphuna amaphuzu njengoba enjalo bese belahlekelwa amamaki ama-3 olimi. Abanye babhala isiqephu njengoba sinjalo bahluleke ukukhipha amaphuzu asemqoka esiqeshini. Kukhona nalabo bafundi abaphindaphinda amaphuzu kanye nalabo ababhala amaphuzu angahambisani neze nesiqephu.

(c) **Umbuzo 3 (ukuhlaziywa kwesikhangisi)**:

Abahlolwa abaningi abenzanga kahle kulo mbuzo.

- Umbuzo 3.1 (ukuyamanisa isiqubulo) abahlolwa bahlulekile ukuyamanisa isiqubulo kanye nesithombe sentokazi. Abahlolwa bayamanise isiqubulo nesithombe sentokazi kepha bagxila ebusweni bentokazi kunokuba bagxile ebuhleni bezinwele zentokazi.

- Umbuzo 3.2 (chaza kafushane…) lo mbuzo bebewuphendula kepha bebengakusho okwenziwa yilo kotapeya kulo mkhiqizo.

- Umbuzo 3.3 (ucabanga…) nakuba lo mbuzo ufuna impendulo esuka kuyena umfundi kepha abahlolwa bebegxila kumsebenzi wobudokotela wentokazi bese bebuka ubudlelwano ukuthi nguye owakhe lo mkhiqizo *iPerfect Choice* njengodokotela.

- Umbuzo 3.4 (Humusha ulimi…) abahlolwa bahlulekile ukuhumusha ulimi olusetshenzisiswe baluyamanise nesikhangisi.

- Umbuzo 3.5 (Ake uncome ukusetshenziswa…) abahlolwa abawuphendulanga kahle lo mbuzo ngoba bahlulekile ukuveza izinhlobo zefonti kanye nomsebenzi wazo esikhangisini. Abanye bebesho ifonti eyodwa bahlulekile ukubona olunye uhlobo lwefonti kanye nomsebenzi walo.

(d) **Umbuzo 4 (ukuhlaziywa kwekhathuni)**

Abahlolwa abaningi bahlulekile ukuphendula lo mbuzo ngoba abakwazanga ukuhlaziya ikhathuni. Uphawu lomgwaqo bebelubona njengophawu lwesithombe esivamise ukutholakala emathuneni okusho ukuthi le ndoda yayizihlalele ngokuthula emathuneni.

- Umbuzo 4.1: abahlolwa bakwazile ukuwuphendula lo mbuzo kepha abawuphendulanga ngokugcwele bebheka inani le miklomelo elihambisana nombuzo.

- Umbuzo 4.2 (chaza kafushane ubuqiniso…) abahlolwa abawuphendulanga kahle lo mbuzo ngoba bebephendula okwenzeka kule khathuni bangabhekisa kubuqiniso obobudingwa umbuzo.

- Umbuzo 4.4 (Kungabe amagama indawo yokuthula"…) lolu uhlobo lombuzo osezingeni eliphezulu odinga abahlolwa ukuba bacabangisise. Abahlolwa bebehluleka ukuba babone ubudlelwano phakathi kwamagama asetshenzisiwe kanye nobuso bendoda.

- Umbuzo 4.5 (Phawula ngomyalezo…) Lo mbuzo udinga ukuba abahlolwa banikeze izigaba ezintathu empendulweni yabo. Okokuqala kumele basho ukuthi yini le okumele baphawule ngayo, okwesibili kumele bachaze lokho okubuziwe bese begcina ngokuveza uvo lwabo ekugcineni kwempendulo. Abahlolwa bebengabuki ikhathuni bese besho umyalezo olethwa umdwebi wale khathuni okungaba ukuxwayisa abantu ngamaqola azenza abantu abaswele. Abahlolwa bebenikeza isixazululo bedabukela lo okule khathuni ukuba kumele asizwe ngoba ehluphekile.

(e) **Umbuzo 5 (izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi)**

Abahlolwa abaningi abenzanga kahle kulo mbuzo ngenxa yokungabi nalo ulwazi lokusetshenziswa kolimi nezakhiwo nezimiso.

- Umbuzo 5.1 (isimo sokukhuluma…) abahlolwa abazazi izinhlobo zezimo zokukhuluma.

- Umbuzo 5.2 abahlolwa abaningi balukhombisile ulwazi lokuqonda lwe-akhronimi.

- Umbuzo 5.3 abahlolwa bakhombise ukungaziqondi izindlela zesenzo kanye nokuzisebenzisa emushweni.

- Umbuzo 5.5 abahlolwa abaningi bakhombise ukungaziqondi izingcezu zenkulumo. Ngaleyo ndlela bahluleka ukubona isilandiso emushweni onikeziwe. Ngaleyo ndlela bahluleka ukusebenzisa isilandiso esikhomba ukulandula.

- Umbuzo 5.6 abahlolwa abaningi bahlulekile ukutomula ibizoqoqa- Umkhandlu. Ngaleyo ndlela bahluleka ukulisebenzisa emushweni abazakhele wona.

- Umbuzo 5.7 umusho omagatsha uthanda ukuba inkinga enkulu kubahlolwa ukuwuphendula. Umusho omagatsha wakhiwa umusho omkhulu okwazi ukuzimela kanye nomshwana okhonzile ochazayo/okhanyisayo.

- Umbuzo 5.8 (izaga- izilwane ezihambisanayo) abahlolwa abaningi bahlulekile ukuyamanisa izilwane ezihambisanayo ukuze kwakheke isaga. (inja nekati…) ekudingeka ukuba basisebenzise emshweni abazakhele wona.

Okungelekelela abafundi benze kangcono kuleli phepha

(a) Abafundi abajwayezwe ukufundiswa isifundo sokuqondisisa sihambisana nesithombe noma izithombe.

(b) Abafundisi abagcizelele ukufundisa abafundi ukuphendula ngokwamamaki anikeziwe kanye nokuphendula ngokugcwele lokho okubuziwe.

(c) Abafundi abafundiswe ngamazinga obulukhuni bemibuzo kanye namazinga okuhlakanipha okutholakala embuzweni. (*Levels of difficulty and cognitve levels*) ikhasi lama-85-86.

(d) Abafundi abajwayezwe amagama okubuza afana nokuhlaziya, humusha, hlolisisa, qhathanisa okufanayo/okuhlukile, phawula, njll. Kungalitshalwa ukuba kubhekwe indlela yokuphendula le mibuzo.

(e) Kumbuzo wokufingqa abafundi kumele babhekisise imiyalelo enikeziwe ngaleso siqeshana abasinikeziwe.

Nakhu okumele bakubheke:

i. Isiqeshana simayelana nani

ii. Ukufingqa ngesigaba kanye nenani lamagama okumele kufinqwe ngawo (70-80)

iii. Ukufingqa usebenzisa amagama akho

iv. Ukubaluleka ukusebenzisa inqubo yokufunda ngokuka-CAPS (ikhasi lama-25-26)

- Ngaphambi kokufunda

- Ngesikhathi sokufunda

- Emva kokufunda

(f) Abafundi abanikezwe imisetshenzana emayelana nokufingqa.

(g) Ukuhlaziya isikhangisi: abafundi abajwayezwe ukufundiswa ngezinhlobo ezahlukene zezikhangisi. Othisha abanikeze abafundi amasu anhlobonhlobo atholakala ezikhangisini ezahlukene. Lokhu okungaba:

- uhlobo olukhangisayo
- isiqubulo
- izimpawu zokuxhumana ezisetshenziswe esikhangisini kanye nezimpawu zomkhiqizo
- amagama asetshenzisiwe nangendlela asetshenziswe ngayo
- ifonti enhlobonhlobo

(h) **Umbuzo 4 (ukuhlaziywa kwekhathuni):**

Kumele abafundisi banikeze abafundi imisetshenzana eminingi emayelana nekhathuni. Abafundi mabafundiswe ngezimpawu ezitholakalayo kukhathuni okubalwa:

- Ikhathuni njengendaba ephelele,
- Ehlekisayo/uteku/enokugxeka,
- Edlulisa umyalezo.
- Ukuhlaziya izibiyelo;ukucabanga, ukukhuluma, ukuthukuthela (speech bubbles)
- Ukuhumusha amagama asetshenzisiwe enkulumeni yabalingiswa
- Ukuhumusha indawo
- Ukuhumusha izenzeko
- Ukuhumusha ukunyakaza komzimba (ukuvuleka nokuvaleka kwamehlo, ubunjalo bobuso,njll)
- Ukulandelanisa izenzeko uma ikhathuni inamafreyimu
- Izimpawu
- Izinhlobo zabalingiswa bekhathuni

(i) **Umbuzo 5 (izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi)**

Abafundisi kumele baqikelele ukuba bayazifundisa izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi kudidiyelwe kanye namanye amakhono. Kukhona nehora elilodwa elabelwe ukuba ulimi lufundiswe lungadidiyelwe namanye amakhono (bheka ikhasi lama-45-47).

- Othisha abasebenzise uhlelo lokufundisa,

Shaping Freedom Through Education

- Uhlelo lokuhlola kanye nomhlahlandlela wokuhlola (Examinations Guidelines 2017)
- Izinsiza kufundisa
- Izibonelo zomsebenzi ozohambisana nozonikwa abafundi
- Ukusebenzisa iNqubomgomo (CAPS)

7.4 UKUBUKA KABANZI IMIPHUMELA YABAFUNDI EPHEPHENI LESI-2

Ukuphawula jikelele

(a) Isiqephu A, umbuzo 1, 2 kanye nowe-4 yiyona mibuzo ephendulwe abahlolwa abaningi. Abahlolwa bakwazile ukuthola imiklomelo egculisayo. (5-6 amamaki).

(b) Umbuzo omude wokuqala uphendulwe yinqcosana yabafundi. Labo abawuphendulile bebengalandeli umyalelo abawunikiwe wokuphendula umbuzo njenge-eseyi; ukuchaza isihloko, ukuphawula nokwenaba-uvo lomfundi. Abanye abahlolwa bebexoxa ngesakhiwo senkondlo (sangaphakathi nesangaphandle) kunokuthi baphendule umbuzo njengoba ubuziwe. Nalabo ebebewuchaza umqondo wenkondlo bekungaveli ukuthi imbongi iphumelele kanjani.

(c) Isiqephu B no C (Imibuzo emide)
Lena imibuzo emide abahlolwa abangazange bayiphendule kahle nakuba bekhombisile ukuthi izincwadi bazifundile. Bebexoxa nje kunokuhlala embuzweni.

(d) Isiqephu B no C (Imibuzo emifushane)

(e) Abahlolwa bakhombise ukuzimisela okukhulu ukuphendula le mibuzo nakuba bebengaphenduli ngokuphelele/ngokwamamaki.Kwezinye izimpendulo bekuvela ukungayiqondisisi kahle imibuzo, ngaleyo ndlela, izimpendulo zabafundi bezingashayi emhlolweni.

7.5 UKUHLAZIYA KWEZIMPENDULO NGOKWEMIBUZO EPHEPHENI LESI-2

Amaphutha kanye nokungaqondisisi imibuzo.

Isiqephu A:Izinkondlo

(a) Umbuzo 1 (umbuzo omude) Abahlolwa abaningi kulo mbuzo bekubanzima ukuhluza inkondlo bagcine sebexoxa nje noma babhale inkondlo njengoba injalo kodwa beyibhala njenge-eseyi.

(b) Imibuzo 2.2 (qhathanisa) 3.2, (hlanganisa okufanayo) 4.2 no 5.2 (hlanganisa/nikeza okufanayo): Abahlolwa bebemane babuyise amagama emigqa njengoba injalo enkondlweni esikhundleni sokuba baphendule umbuzo njengoba kukhonjisiwe ngenhla.

Shaping Freedom Through Education

(c) Umbuzo 2.3 (chaza ithoni), 3.3 (chaza umoya), 4.3 (bhala umbono nge-*enjabmen*t), 5.3 (chaza ukusetshenziswa kwe-*okzimoron*i) Le mibuzo ayiphendulwanga kahle ngoba abahlolwa nakuba bezazi izimpawu zenkondlo kodwa abakwazi ukuthi zisetshenziswe kanjani enkondlweni.

(d) Imibuzo 2.4, 3.4, 4.4, no 5.4: (inhloso yembongi) abahlolwa basahluleka ukuhumusha lokho abasuke bebuzwe ngakho enkondlweni (ukusebenzisa imigqa evalekile, isimo sokukhuluma nenhloso yembongi).

(e) Imibuzo 3.5, 4,5, 5,5: Lena imibuzo edinga ukuba umfundi aphawule noma ahlolisise ngento ethile enkondlweni. Abahlolwa ku lemibuzo bakhombise ukungabi nalo ikhono lokuphendula le mibuzo ngendlela ebekulindeleke ngayo.

Okungalekelela abafundi ukwenza kangcono kule mibuzo:

(a) Abafundi mabafundisiwe izimpawu zokuhluza inkondlo nangendlela ezisetshenziswa ngazo uma kuhluzwa inkondlo.

(b) Yonke inkondlo efundwayo mayihluzwe ngokombuzo omude nangokombuzo omufushane ukuze baziqonde zozimbili izindlela zokuphendula umbuzo.

(c) Abafundi mabaphendule ngokwamamaki emibuzweni emifushane nangokwerubhrikhi emibuzweni emide.

(d) Abafundi mabangagcini ngokufundiswa ngezimpawu zokuhluza inkondlo, mabaphinde bazazi ukuthi imbongi izisebenzise kanjani/izisebenzise leni enkondlweni.

(e) Abafundi mabagqugquzelwe ukufunda izinkondlo ngokuncoma, ngokuhlolisisa, ngokuphawula kanye nangokuhumusha.

ISIQEPHU B no C: Amanoveli /nobuciko bomlomo kanye nemidlalo (Imibuzo emide nemifushane)

(a) Umbuzo 6, 8, 10, 12, 14, 16, 18 kanye no 20: Abahlolwa abaningi baphendule umbuzo omude encwadini ethi ‘Bengithi Lizokuna’ kanye nombuzo we-16 ethi: ‘Kudela Owaziyo’.

(b) Kunezinkomba zokuthi abahlolwa abathize abayifundanga imibhalo noma mhlawumbe baphendule ngemibhalo engafundiswanga emaklasini abo. Kungenzeka badidwe wubuningi bezincwadi ephepheni lemibuzo.

(c) Nakuba le mibuzo emide iphendulwe abahlolwa abaningi kodwa basekhona abahlolwa abangakakukhombisi ubunyoninco ekuphenduleni imibuzo emide. Bayazixoxela babhale ngezehlakalo zenoveli noma umdlalo bengabheki ukuthi umbuzo ufunani.

(d) Lisekhona idlanzana labahlolwa abangawulandeli umyalelo wokuphendula umbuzo wemibhalo. Baphendula imibuzo emifushane kuphela esiqeshini B no C. Lokhu kukhinyabeza imiklomelo ababezoyithola ukuba bebelandele umyalelo.

(e) Emibuzweni emifushane abahlolwa basakhombisa ukunqamulela uma bephendula imibuzo lokho bese kubalahlekisela ngemiklomelo efanele ngokombuzo.

(f) Imibuzo 7.2, 9.2, 11.2, 13.2, (amanoveli-imbangela) 17.2, 19.2 no 21.2 (umdlalo-chaza kafushane isigameko esaholela…) abahlolwa kule mibuzo bebekhombisa ukuyiqonda imibuzo kodwa bengenalo ikhono noma indlela yokuyiphendula. Igama eliyinkinga, 'imbangela kanye nesigameko esiholele…

(g) Imibuzo 7.3, 9.3, 11.3, 13.3 /17.3, 19.3 no 21.3 (amanoveli/umdlalo-yikuphi okufanayo/okungumehluko phakathi kuka… no…) abahlolwa bayahluleka ukubheka okufanayo bese bekucaphuna lokho okwenza laba balingiswa bafane.

(h) Imibuzo 7.4, 9.4, 11.4, 13.4 (amanoveli – fingqa ngamaphuzu isizinda ngokwenkathi). abahlolwa bakhombise ukuwuqonda lo mbuzo bengawatholi amamaki ngoba bephawula kuphela ngokwenkathi bangabe besacaphuna ngokwendaba. 17.4, 19.4, 21.4 (ukuxhumana kwenkulumo mpendulwano nesenzeko) abahlolwa bebephendula uhlangothi olulodwa lombuzo bengabheki ukuxhumana kulezinto zombili.

(i) Imibuzo 7.5, 9.5, 11.5, 13.5 (amanoveli - umthelela ekugqamiseni indikimba) Nakuba bewuphendulile lo mbuzo, kepha abahlolwa bakhombise ukungaliqondi igama 'umthelela' nomsebenzi walo ekugqamiseni indikimba. Igama 'umthelela' lichaza ukuthi okwenzekile **kuholele** kanjani ukuveza obala indikimba.

(j) Imibuzo 15.5, 17.5, 19.5 no 21.5 (umdlalo – inhloso yombhali ukuphetha…) abahlolwa bebephendula sengathi kumele bachaze isiphetho kanti umbuzo ukhuluma ngenhloso. Okungaba yinhloso yokuxwayisa, yokufundisa, yokwweluleka njll. Bese benika isizathu salokho.

(k) Imibuzo 7.6, 9.6, 11.6, 11.6 (amanoveli – ucabanga ukuthi isigameko esifihlelwe umlingiswa…. sasingaba namuphi umphumela) Kule mibuzo baviwa bebelindeleke ukuba bakhombise ukuyiqonda indaba kodwa impendulo yabo incike ekucabangeni kwabo kanzulu kanye nokuqonda ukuthi uma umuntu enza isenzo esithile siba namphumela muni. Abahlolwa bebengasiqondi isigameko esifihlelwe umlingiswa bona bebexoxa indaba ngoSithole noDumazile.

(l) Imibuzo 7.8, 9.8, 11.8, 13.8 (amanoveli – inhloso ekwethuleni isu lokubikezela…) abahlolwa bakwazile ukuwuphendula lo mbuzo. Bebengayichazi inhloso kodwa bebechaza amazwi okubikezela.

(m) Imibuzo 7.9, 9.9, 11.9, 13.9 (amanoveli – Ngabe uyavumelana yini ukuthi udweshu phakathi kuka… no… lwadala…) abahlolwa bebewuphendula lo mbuzo kodwa hhayi ngokulindelekile ngoba iimpendulo yabo abanye bebeyiqalisa ngo 'cha noma yebo' Baphinde behluleke ukusekela ngokunembayo.

(n) Imibuzo 14. (ubuciko bomlomo) – Abahlolwa abakhethe lo mbuzo bawuphendule kahle baveza futhi ukuthi inganekwane iwudlulise kanjani umyalezo base behluleka ukweyamanisa nezibongo ezithi isiqhingi saseRobben Island. Lokhu kungaba yimbangela yokuthi kulula ukwazi izinganekwane ngoba ziyindaba, kanti izibongo zisankondlo, ngakho akulula ukuzazi ngekhanda umugqa nomugqa. Lo mbuzo ubungaphumanga njengonyaka odlule lapho kwakunesiqeshana sezinganekwane nesiqeshana sezibongo. Lokhu kusho ukuthi abahlolwa abenza ubuciko bomlomo.

(o) Ezinye izimpendulo z abahlolwa zixoxa kakhulu ngenganekwane esikhundleni sokuxoxa futhi nangezibongo ngoba kuwumbuzo owodwa. Kubalahlekise ngamamaki labo bafundi.

(p) Izimpendulo eziningi z abahlolwa zibuyisa inganekwane njengoba injalo, abahlolwa bakhombise ukuthi ikhono lokuhluza lolu hlobo lombhalo abakaqeqeshwa kahle.

(q) Abahlolwa bakhombise ukungabi nalo ulwazi lwangaphambilini ezibongweni zesiqhingi sase-Robben Island okuyiyona nto ebidingwa kakhulu ngumbuzo.

(r) Imibuzo 15.7 (indikimba kanye nempilo jikelele) 5.9 (chaza okufanayo phakathi kwehubo Kanye nezibongo) 15.12 (phawula ngesaga …sinamthelela muni emyalezweni). Izimpendulo zabahlolwa bezingazigculisi zonke izidingo zombuzo. Abahlolwa bebephendula ingxenye eyodwa kuphela, ngaleyo ndlela bangayitholi imiklomelo ephelele.

(s) Abahlolwa abaphendule ubuciko bomlomo bakhethe umbuzo omude kunombuzo omufushane.

Okungelekelela abafundi benze kangcono kuleli phepha

(a) Othisha mabafundise abafundi izimpawu zemibhalo engamanoveli, izinganekwane nemidlalo ukuze abafundi bazazi ngokugcwele bazi nomehluko phakathi kwazo ngaphambi kokuba zifundwe izincwadi (ikhasi lama-28 kuya kwelama-29).

(b) Abafundi mabaqeqeshwe ngokuphindaphindiwe amakhono okuphendula imibuzo enhlobonhlobo njengokuthi baqalise ngalokho okuyingqikithi yokutholakala embuzweni. Uma umbuzo udinga ukuba abafundi basekele, kuhle basekele ngokugcwele bebhekise encwadini ebuziwe.

(c) Othisha mabaqeqeshe abafundi ukufunda umbuzo bese bedwebela amagama asemqoka awumongo wombuzo yikhona bezophendula ngqo bangankanti.

(d) Abafundi mabajwayezwe ukufunda umbuzo baze bafike emamakini awo ukuze impendulo izolingana namamaki futhi igculise zonke izingxenye zalowo mbuzo.

(e) Othisha mabasebenzise UMhlahlandlela wokuhlola (i-Examination Guideline yowezi–2017) uma belungiselela ukufundisa imibhalo yobuciko efundwayo.

(f) Abafundi baqeqeshwe ekutheni ubuciko bomlomo buwuchungechunge oluthungelanayo phakathi kwezinganekwane, izibongo, izithakazelo amahubo kanye nezaga nezisho.

(g) Isikole masenze isiqiniseko sokuthi bonke abafundi banezincwadi kungabibikho abazoba ngababili encwadini eyodwa ukuze bakwazi ukuzifundela nasemakhaya. Lokhu kuzobasiza ekuyiqondeni kahle incwadi (ikhasi le-13 kuCAPS isigaba 2.5).

(h) Abafundi mabayazi ngokuphelele incwadi. Bakwazi ukuhlela izigameko ngokulandelana kwazo. Bazazi izimpawu zemibhalo zemibhalo abayifundayo beziyamanisa nemibhalo abayifundile.

(i) Othisha ababazise abafundi indlela okumakwa ngayo imibuzo emide kusetshenziswa irubhrikhi.

(j) Abafundi abaqeqeshwe ukuphendula imibuzo ngendlela yemiyalelo esuke inikeziwe ekupheleni konyaka :

- Ukuchaza isihloko
- Ukuphawula kanye nokwenaba ngokucaphuna ulandela umbuzo

- Ukunikeza uvo lwakho. (ungagxeka noma uncome umbhali ngokuhambisana nombuzo)

7.6 UKUBUKA KABANZI IMIPHUMELA YABAFUNDI EPHEPHENI LESI- 3

Ukuphawula jikelele

(a) Abahlolwa abaningi basebenze kahle kuleli phepha

(b) Buyakhuthazwa ukuthi bazilungiselele uma bezokubhala leli phepha.

(c) Abafundi mabafundisise zonke izihloko bese bekhetha leso abasiqonda kangcono

(d) Abafundi abaqaphele ithoni, irejista,isitayela kanye nezethameli

7.7 UKUHLAZIYWA KWEZIMPENDULO ZABAFUNDI NGOKWEMIBUZO.

ISIQEPHU A: IZINDABA

Amaphutha kanye nokungaqondisisi imibuzo.

(a) Umbuzo 1.1: Indaba egcina ngala mazwi; ngiyazesaba izinkundla zokuxhumana. Abahlolwa abaningi bawuphendule kahle lo mbuzo kanti abanye bawuphendule ngokusendimeni. Bebehluleka ukugxila kokudingwa umbuzo. Bebengaqhamuki nesihloko sabo, bangagcini ngamazwi okufanele bagcine ngawo ngokombuzo. Abanye abahlolwa bebebhala ngezehlakalo eziqondene nabo. Abanye bebechaza bakhulume ngezinhlobonhlobo zokuxhumana.

(b) Umbuzo 1.2: Amasongo Akhala Emabili.

Bancane abahlolwa ababhale ngalesi sihloko esiyisaga. Idlanzana ababhale ngaso abakwazanga ukuthola imiklomelo eyanelisayo. Lokhu bekubangelwa ukuthi bebengayiqondi incazelo yesaga. Abanye babhale ngamasango esikhundleni samasongo.

(c) Umbuzo 1.3: Ubuhle Nobubi Bemfundo Yamahhala Ezikhungweni Zemfundo Ephakeme.

Lona kube umbuzo othandwa baviwa. Iningi labo likwazile ukuveza ubuhle nobubi bemfundo yamahhala ezikhungweni zemfundo ephakeme. Nakuba kunjalo likhona idlanzana elisithathile lesi sihloko kodwa labhala ngokwenzeka ezikoleni zamabanga aphansi okumayelana nokudla kwamahhala kunokuba babhale ngemfundo yamahhala ezikhungweni zemfundo ephakeme.

(d) Umbuzo 1.4: Abantu Bakuleli Sebehlinzekwa Ngemishanguzo Yesandulela ngculazi Kungakhathaleki Ukuthi Amasosha Omzimba Ehle Kangakanani. Lesi sihloko asizange sibe yintandokazi kubafundi. Nalabo abakhethe ukubhala ngaso abatholanga imiklomelo emihle. Isizathu salokhu wukuthi abahlolwa abaqapheli okwenzeka ezweni abanye abaqapheli nokulalela imisakazo, ukubuka omabonakude kanye nokufunda amaphepha.

(e) Umbuzo 1.5: UHulumeni Wakuleli Wenza Konke OKusemandleni Akhe Ukuthuthukisa Intsha Emakhonweni Anhlobonhlobo. Bancane abahlolwa abakhethe lesi sihloko nalabo abasikhethile abenzanga kahle.Bebehluleka ukuqamba esabo isihloko. Abanalo ulwazi lokubhala indaba edaza inkani.

(f) Umbuzo 1.6.1: 1.6.2: 1.6.3: Babembalwa abahlolwa abakhethe umbuzo ohambisana nesithombe.

(g) Labo abazikhethile izithombe bakwazile ukuzihumusha babhala indaba ehambisana nesithombe.

1.6.1: Banikezile izibonelo ezihambisana nendaba yabo- Ubuhle bemvelo/amanzi kanye nobudlelwano phakathi kwemvelo nezikhukhula.

1.6.2: Ukubaluleka kokusebenza kanzima abahlolwa benze kahle kule mibuzo

1.6.3: Bancane kakhulu ababhale ngalesi sithombe. Nalabo ababhale ngaso abenzanga kahle.

Imbangela yokungakhethwa kwemibuzo enezithombe wukuthi abahlolwa abafundisekile indlela yokuphendula lo mbuzo.

(h) Abahlolwa abaningi bayahluleka ukwethula kahle imiqondo yabo ngokuhambisana nombuzo ngenxa yokungaqeqesheki kahle ekhonweni LokuBhala Nokwethula.

Okungalekelela abafundi ekwenzeni kangcono kulesi siqephu.

(a) Makukhuthazwe abafundi ukulalela umsakazo wesiZulu khona bezokwazi ukuqonda ngokwenzakalayo emhlabeni jikelele kanye nokufunda amaphephandaba namaphephabhuku esiZulu.

(b) Abafundi mabafundisise zonke izihloko bese bekhetha leso abasiqonda kangcono.

(c) Abafundi mababhale amalungiselelo njengokuba umyalelo usho. Amalungiselelo enza indaba ihleleke ngobunyoninco ngokwezigaba kanye nokugeleza kwamaphuzu okunembayo.

(d) Abafundi mabafundiswe upelomagama olusemthethweni, imisho enhlobonhlobo kanye nokusebenzisa amagama esiZulu.

(e) Abafundi mabazejwayezwe ukubhala indaba enobude benani lamagama abanikezwe lona (340-390)

(f) Othisha kungakuhle bafundise izimo zokukhuluma, ukusetshenziswa kwazo emshweni, ukusetshenziswa kwazo njengezihloko zokuqamba indaba.

(g) Othisha mabafundise ukuhunyushwa kwezithombe kanye nokunikeza izihloko ezihambelana nezithombe.

(h) Othisha mabazise abafunde indlela okumakwa ngayo indaba – amakhodi kanye nerubhrikhi.

(i) Othisha mabakhuthaze abafundi ukuba bawufunde umbhalo wabo, balungise amaphutha lapho kudingeka khona ngaphambi kokuba bedlulele embuzweni olandelayo.

(j) Othisha mabasebenzise izinsizakufunda ezifana nomhlahlandlela wokuhlola kanye nomhlahlandlela wokufundisa iphepha lesi-3

(k) Abeluleki abalekelele abafundisi ukuqonda kabanzi inqubomgomo (CAPS) kanye namasu okuqeqesha abafundi kuleli phepha.

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA UMYALEZO

(a) **Incwadi yobungane:**
Abahlolwa abaningi abakhethe lo mbuzo bawuphendule kahle. Nakuba kunjalo kukhona abanye abenza amaphutha esakhiweni sencwadi. Isib. Uma bebingelela bavamise ukuthi Sawubona Mzala. Esikhundleni sokuthi bamane bagagule igama noma bathi Mzala.

- Esiphethweni sencwadi baningi abaphethe ngokuthi
- Ozithobayo.
- Esikhundleni sokuthi
- Yimina umzala wakho
- uMandla

(b) **Isibuyekezo sefilimu:**
Babe bancane abahlolwa abakhethe lo mbuzo. Nalabo abawukhethile abenzanga kahle. Lokhu kubangelwe ukungabi nalwazi lo hlobo lo mbhalo

- Isibonelo:
- Isihloko sefilimu:
- Umbhali
- Abalingiswa ngokwezinhlobo zabo:
- Unyaka eqoshwe ngawo
- Ifilimu kafushane (ukuhambelana kwayo nencwadi emiselwe)
- Ukuncoma/ukugxeka ifilimu ehambelana nencwadi
- Izincomo:

(c) **Inkulumo mpendulwano:**
Baningi abahlolwa abakhethe lo mbhalo kodwa bakhombise ukuba nenselelo ekusebenziseni abalingiswa abathathu ngokudingwa umbuzo. Abanye abazange basibhale isethulo esikhombisa ukuthi kukuphi, ukuqanjwa kwabalingiswa. Abahlolwa abaningi basasebenzisa inkulumo echaza imizwa yesikhulumi etholakala kubakaki (esho ehleka).

Shaping Freedom
Through Education

(d) **Umlando kamufi:**
Abaningi abahlolwa bawuphendule kahle lo mbuzo. Nokho zisekhona izinselelo ezibhekana nabanye ekubhaleni lo mbuzo. Abanye abahlolwa abakakwazi ukulandelanisa kahle isakhiwo somlando kamufi.

(e) **Inkulumo elungiselelwe:**
Ababaningi abafundi abaphendule lo mbuzo. Abanye abafundi abasibhali isihloko.

Isihloko: Inkulumo ethulwa uThabisile emcimbini wosuku lokugubha amagugu

eholo lomphakathi.

Abakhombisanga ukuqonda kahle ifomathi yalolu hlobo lo mbhalo

Ifomathi:

- Ukubonga umphathi wohlelo
- Ukubingelela ngokwezikhundla
- Ukwethula isihloko ozokhuluma ngaso
- Ukugxila esihlokweni/engqikithini
- Ukubonga kuMphathi wohlelo kanye nezethameli

(f) **Incwadi Yomsebenzi** (isicelo soxhaso):

Abafundi abaningi bakwazile ukubhala kahle isakhiwo salo mbuzo. Nakuba ebekhona amaphutha ambalwa, ikakhulukazi esibingelelweni kanye nasesiphethweni

- Abafundi abaningi basahluleka ukusebenzisa ithoni, irejista kanye nesitayela esihambisana nalo mbuzo.
- Ukulandelanisa amaphuzu ngendlela efanele.
- Esigabeni sokuqala behluleke ukwethula isizathu sokubhalwa kwencwadi.

Okungalekelela abafundi ekwenzeni kangcono kulesi siqephu

(a) Othisha abasebenzise Inqubomgomo emayelana nalolu hlobo. Isigaba 3.3 Ukubhalwa Nokwethula. Ikhasi (34-40) kanye nomhlahlandlela wokuhlola.

(b) Abafundi abaqaphele ithoni, irejista,isitayela kanye nezethameli

(c) Abafundi abafunde zonke izinhlobo zemibuzo ebuziwe bese bekhetha emibili abayiqonda kahle.

(d) Abafundi ababhale amalungiselelo aleyo mibuzo ukuze abalekelele ekukhumbuleni konke okulindelekile mayelana nombuzo.